# GENERAL CHURCH LEADERSHIP FOR A LOCAL CHURCH

## IZINTO EZINGU 12 EZIDALA ISIYALUYALU EBANDLENI

***Jsifundo Sihathwe ku 1" Khorinte 14:33***

### 1. UBUIHOLi OBUNGAOiNILE

Sidalwa umholi webandla engenawo umthethosisekelo webandla futhi ongenawo umbono (Vision) ngebandla ongazazi ukuthi uqondephi (Direction) nebandla ongenawo umthetho (Church Law) webandla ongalifundisi ibandla futhi ongakwazi ukusebenza nabantu.

- ***Uma konakele ikhanda ibandla lonke liba nesiyaluyalu.***

### 2. UKUINGAHLELEKI KAHLE KWEKOMiDI.

Sidcdwa ikomidi elikhulu lebandla (Church Executive Committee) elingafundiseki elingenayo indlela yokusebenza elingenawo umthetho elenza noma yini ngokuthanda kwalo futhi elingamhloniphi umholi webandla. Bayaxabana bayalwa bodwa babanga izikhundla.

- **Uma *konakele ikomidi ibandla lonke liba nesiyaluyalu.***

### 3. UKUBHEDA KU K AM AM A WEBANDLA

Asiqale sifunde **Izaga 14: l** uma umama engamsaphothi umholi webandla, elova enkonzweni, engabathandi abazalwane engakufuni ukungahlangana nabakhokheli noma namakhosikazi abafundisi futhi engafuni nokuzihlanganisa nezinhlelo zomama.

- ***Uma kubheda umama webandla kuba nesiyaluya lebandleni.***

### 4. UKUNGAHLELEKI KOMFUNDISi UOOBO

Sidalwa umfundisi okhetha abazalwane abanye uyabathanda abanye akababafuni, ongenalo ulimi ogxekayo. Ongasebenzi nabasezikhundla kodwa obhizi nabasha (Youth) kuze kuvele namahlazo. Izintshumayelo zakhe ziyabaqhatha

abazalwane. Sidwala umfundisi ongaphatheki ongalaleli futh ongaboniswa Izaga 12:1. And 13:1.

- ***Umfundisi ngezenzo zakhe uyisidala isiyaluyalu abendleni.***

**5. IMALL EVERV SUNDAV HUFUNEKAIMAL1.**

Akusashunyayelwa izwi, abasafundiswa abazalwane, njalo kukhulunywa ngemali kuphela yonke into isiyimali nje ebaiidleni - **Hebheru 13:5-7.** Imali iyabaxosha abantu ebandleni

- ***Irnali iyasidala isiyaluyalu ebandleli nokuphela kothando.***

**6. »VAMGELi ELISHA.**

Uma sikhohlwa **Izaga 22:28** sithathe yonke imikhuba lena yesimodeni nempucuko. Uphelenya umkhuleko nokuzihlambulula nokusebenza kukaMoya Oyingcwele ebandleni. Qaphela ivangeli elisha lihamba nodumo nokuphakama

- ***Iziinto ezitsha izona ezidala Isiyaluyalu ebandleni.***

**7. UKUPHROFETHA**

Asiqale sifunde ku **l$^{st}$ Johan 4:1-3** emabandleni amaningi akusasebenzi umoya kodwa kusebenza omoya noma imirnoya, kuyaphrofethwa kunukanwe kuxatshwane kuthakathwane phakathi ebandleni.

- ***Ukuphrofetha kubi uma sekizokwenza kubenenzondo nesiyaluyalu.***

**8. UKUNGABIKHONA KOMTHETHO**

Ibandla liba neBhayibheli nohlu (List) Iwemithetho elawula abajsalwane. Ibandla kufanele libe rienqubo nemithetho yakhona. Umthethosisekelo webandla kufanele usebenze ebandleni

- ***Ibandla elingenawo umthetho liba nesiyaluyalu.***

9. **INHLAMBULUKO**

Ibandla elingenabo abakhokheli, ibandla elingazivurni izono futhi elingazihlambululi. Wonke umuntu ukhuluma noma yini noma ikanjani alimaze abazalwane. Ipulpit libe yindawo yokulwa kwabazalwane. Abazalwane banamuhla abasazihlambululi futhi abasazivumi izono ingakho kugulwa kangaka emabandleni

- ***Inhlambululo iyodwa nje iyasida.la isiyaluyalu.***

10 **ABANTU ABAF1KAVO EBANPLENI.**

Ibandla kufanele libe nendlela yokumukela noku setshenziswa kwabantu abafikayo ebandleni Akungavunyelwa abantu abafikayo ebandleni kube yibona abazolawula ibandla, bashintshe inqubo yebandla. **« *Izinto ezintsha ezifikayo ebandleni azingagcini sezidala isiyaluyalu ebandleni.***

**Qaphela**

***Abantu abadala (Old Members) asebeneminyaka bemi nalelibandla, asingabalahli ngoba sekukhona ab as ha abafikUe. Esikhathini esiningi abantu abafikayo ibona abadala isiyaluyalu ebandleni.***

11. **IZiNPABA**

Ukwanda kwezindaba zemindeni yabazalwane ebandleni kanye nokuxabana nokungezwani kwabazalwane ebandleni kuyasidala isiyaluyalu. Ibandla akufanele lingene ezindabeni zemindeni yabazalwane. Alingeni futhi kwimikhuba namasiko abazalwane, lishumayela uJesu kuphela not amasiko nemikhuba yabantu.

- ***Izindaba ziyasidala isiyaluyalu ebandleni.***

12. **UKUPHELA KWAMANDLA OMKHULiKO.**

Asiqale sifunde **Izenzo 6:4.** usathane ufike aqede izinkonzo zemikhuleko, bavilaphe balove uma kunemikhuleko. iyaphela imikhuleko kwande imihlangano nokuqulwa Kwa.macala ebandleni.

- ***Ibandla elingenazo izinsuku zokukhuleka nokuzila ukudla lihlale linesiyaluyalu njalo. Ezinye izinto azidingi imihlangano kodwa zidinga ukukhuleka nokuzila ukudla*- Izenzo 4:31.**

13. UKUNGAFUNDI

Abafuni ukuyofunda eBible School ushumayela izinto eziphambeni nombhalo abe nenkani nolaka.

- **uJesu wathu nibafundise ukugcina konke.**

14. UKWANDA KWAMAVILA EBANDLENi

Amabandla amanirigi asungulwe abantu abangamavila Abafuna imali kodwa bengakufuni ukusebenza, ivila lizala amanye amavila. Bafuna izikhundla kodwa abafuni ukusebenza.

- **Bayaxabana babanga imali nezikhundla abangazisebenzelanga.**

15. <u>ISIVALUVALU SIDWALA ABANTU ABANCAPHENDUKILE</u>

Bakhonza uNkulunkulu nezono, abashintshile abaguqukile abaphendukile. Ibandla elinabantu abangaphendukile linezindaba nezimpi nokuxabana nomoya wokuqembuka

- **Uma abantu bengaphendukile ababi nakho ukuthula kodwa bahlala benesiyaluyalu njalo.**